



MMS057 - UKUHLANGANYELA NEMOSES MABHIDA STADIUM UKWENZA IMICIMBI YOKUNGCEBELEKA IZINYANGA EZINGU-36.

Inkundla yezemidlalo iMoses Mabhida iyingxenyeyohlaka lwezinkundla nezindawo zezemidlalo eyahlukene zikaMasipala weTheku ophinde ubhekelele nezinye izinkundla zemidlalo ezinhlanu zaleli dolobha – iMpumalanga, Princess Magogo, King Zwelithini, Sugar Ray Xulu neChartsworth. Zonke lezi zinkundla zemidlalo zihlala njalo zinemidlalo yebhola, imicimbi eyahlukene yezemidlalo, amakhonsathi, amafestivali, imicimbi yamasonto, yezepolitiki nemicimbi yemiphakathi.

Bonke abahleli bemicimbi/abagqugquzeli bemicimbi abagxile emkhakheni wezikaqedisizungu bamenywa ukuthi bafake izicelo zokusebenza ngokubambisana neMoses Mabhida ukwenza imicimbi kule nkundla nezinye izinkundla zemidlalo zaleli dolobha ezinhlanu ukuze kuzokwakhiwa ubudlelwano bebhizinisi. Abafisa ukuthatha leli thuba kumele bafake izicelo zokuthi bazokwenza okungenani umcimbi owodwa ngonyaka kulesi sivumelwano seminyaka emithathu. Lesi sivumelwano ngeke sisebenze kulabo abafisa ukwenza umcimbi owodwa kuphela.

(QAPHELA: Isivumelwano akusona esokuxhasa imicimbi)

Inhloso yesivumelwano

Imicimbi ngenye yezindlela ezibalulekile zokungenisa inzuzo ezinkundleni zemidlalo, ngaleso sizathu sihlase ukuthi kwenziwe imicimbi eminingi kulezi zinkundla ukuze kwenyuswe inzuzo engenayo, kwandiswe izibalo zabantu abavakashela izinkundla, nokuqinisekisa ukuthi izinkundla ziyagcwala. Amathuba okwenza imicimbi enkundleni iMoses Mabhida ami kanje:

- 1. Stadium Bowl** - inkundla yokwenza imicimbi eminingi eyahlukene emumatha abantu abangu-56 000, indawo yokwamukela noma ukuhlala abavasheli inkundla, amakilabhu ebhizinisi ahlala abantu abangu-7500, izindawo okwenzelwa kuzona imincintiswano, indawo yabezindaba, izindawo zokuhlala labo abamemezela imidlalo ezingu-8, idawo yeVOC nezinye eziningi.
- 2. People's Park** - ipaki yangaphandle emumatha abantu abangu-18 000. Le ndawo yinhlalukwenzela kuyona amakhonsathi, amafestivali, imicimbi yezamasiko, imibukiso yangaphandle, izinhlelo zokuqinisa ubudlelwano phakathi kwabasebenzi, imiqhudelwano yokugijima noma eyemabhayisikili, neminye imidlalo.
- 3. Imbizo Place/ retail area** - i-amphitheatre ehlala abantu abangafinyelela ku-750 ezungenze yindawo enotshani nendawo yokupaka izimoto enkulu futhi

zingi nezindawo zokudlela kanye nezitolo. Imbizo Place yilapho kutholakala khona cishe zonke izinto zokuzijabulisa zakule nkundla (iSkyCar, ukuvakasha ngaphakathi enkundleni, ama-adventure walk, ukuvakashela iSegway neBig Rush Big Swing) futhi kukhona nemakethe yokudla nokuzijabulisa ebanjalo ngenyanga.

- 4. 5 community stadia** - imicimbi ingabanjelwa maphakathi nenkundla noma ezindaweni ezisemaceleni, kuye ngawo umcimbi ukuthi ngowani.

Abahleli noma abagqugquzeli bemicimbi abanesifiso sokufaka izicelo bangathumela izicelo zabo eziqukethe yonke imininingwane nezilandela lolu hlu lwemigomo:

1. Imininingwane ngohlobo lwenkampani
2. Amava okuphatha imicimbi - faka okungenani izibonelo ezintathu zemicimbi esemkhakheni kaqedisizungu esike yenziwa yinkampani yakho eminyakeni emibili edlule. Izibonelo ezingaphezu kwizintathu nazo zamukelekile.
3. Umqondo womcimbi - veza ngokucacile umqondo womcimbi wakho, ukuthi uxhaswe ngubani/ isabelomali nemininingwane ngokuthi umcimbi noma ke imicimbi yakho izokwenziwa kanjani - kube okungenani umcimbi owodwa ngonyaka eminyakeni emithathu okuzobe kusetshenziswa ngayo.

Izicelo ezizocutshungulwa yilezo ezilandele imigomo ebekiwe kuphela. Uma isicelo sakho singayilandele imigomo ebekiwe sizobuyiselwa eceleni. Labo abazofakwa ohlwini lwezicelo ezingase zikhethwe bazobizwa ukuzokwethula izicelo zabo esigungwini sabaphatha benkundla.

Abangaphumelelanga bazobhalelwa baziswe ezinsukwini ezingu-30 ngemuva kokufaka izicelo zabo.

Abazofaka izicelo bachelwa ukuba bazilethe ngemvilophu ebhalve: **MMS057 - Lifestyle Events Partnership", Mrs Sijabulile Ntuli, Moses Mabhida Stadium Management Office, 44 Isaiah Ntshangase Rd, Durban, 4000.**

Ngemibuzo ungaxhumana no: Sijabulile Ntuli / Lara McLeod ku 031 322 9898 / 031 322 9902 sijabulile. ntuli@durban.gov.za / lara.mcleod@durban.gov.za

Ukubekisa indawo yokwenza imicimbi ungathumela umlayezo ku: event.enquiries@durban.gov.za/ 031 322 9955

